**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUVULA U-P32 NOKUPHENDULA ISOYI LENYONYANA ROAD EMSINGA NGOMGQIBELO MHLAKA 04 APRIL 2009**

**Ngiyanibingelela nonke.**

- Kule minyaka yezimali edlule isabelo mali sethu besiqondiswe ezintweni ezimbili. Besiqondiswe kwezokuphepha emgwaqeni ngoba uMnyango wezokuThutha unesibopho ngokomthethosisekelo sokuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.

- Elinye iphuzu isabelo mali sethu esigxile kulona ukwakhiwa kwengqalasizinda yemigwaqo – ukwakhiwa kwemigwaqo yasemakhaya, ukwakhiwa kwamabhuloho ezinyawo nawezimoto, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Konke lokhu sikwenza ngaphansi kuka-Operation KuShunquthuli.

- Siyazi ukuthi njengezwe, imisebenzi yethu igxile ku-2010. Kodwa njengoMnyango wezokuThutha sifuna ukuqinisekisa ukuthi ngenkathi sigxila ku-2010 nangemuva kwawo, siyaqhubeka nokuletha imigwaqo emiphakathini yasemakhaya engathintekile ngqo emisebenzini ka-2010.

- Kusukela siwuqalile lo mkhankaso ka-'Operation KuShunquthuli', sesiphendule amasoyi amaningi esifindazweni sonke emisebenzi okumanje isiphothuliwe.

- Sizokhumbula ukuthi sasilapha ngomhlaka 25 January 2008 sizophendula isoyi lika-P32. Ngasho ngathi ngizobuya ngizowuvula lo mgwaqo.

- Ngiyazi ukuthi ukuvulwa kwemisebenzi esikwenzayo manje kuqondana nemikhankaso yokhetho, kodwa thina sithi noma kukhona ukhetho noma lungekho okwethu ukufeza lokho esizibophezele kukona.

- Njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sinesibopho sokusebenzela abantu bakithi ngaphandle kokubheka ngabaliphi iqembu lezepolitiki. Yingakho phela sazibekela umgomo wokwenza impilo engcono kubantu bonke.

- Nokhoke impilo engcono ayikwazi ukubakhona ngaphandle kwesisekelo esiwukuthula, intando yeningi nentuthuko.

- Ukwakhiwa kuka-P32 sukube nomthelela omkhulu ezimpilweni zabantu baKwaMajozi asebekwazi ukufinyelela kalula ezikoleni ezine, isibhedlela, isiteshi samaphoyisa nomtholampilo. Umsebenzi walo mgwaqo udle isamba sika-R20,2 million.

- Kuyajabulisa futhi ukuthi namhlanje kusaqopheka omunye umlando ezimpilweni zabantu baseMsinga njengoba siphendula isoyi lokwakhiwa komgwaqo uNyonyana oxhumanisa uRoad L1906 noZenzele Road.

- Ibalelwa ku-R10,1 million imali ezofakwa kulo msebenzi. Ukwakhiwa kwalo mgwaqo kusiza umphakathi ukuba ufinyelele kalula emtholampilo ongumahamba nendlwana, izikhungo zempesheni, izimoto zefenisha nezimoto zezidumbu. Uzokwehlisa ibanga lukuya ezindaweni njengasePomeroy, Tugela Ferry, Dundee nezinye, ikakhulukazi kubantu baKwaGede.

- Kuyiqiniso ukuthi akuqali ukuthi kube nohulumeni eNingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu bakithi sebeqalile ukubona ushintsho ezimpilweni zabo ngezinhlelo ezilehwa nguhulumeni wentando yeningi. Lokhu kufakazelwa oZibambele abangu-3 258 abasebenza emigwaqeni ehlukene ngaphansi koMzinyathi District.

- Mangiphethe ngokugcizelela ukuthi uMnyango wezokuThutha unesibopho ngokomthethosisekelo sokuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni.

- Kubalulekile ukuthi sigcizelele ukuphepha emgwaqeni ngoba phela akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi. Kumele siqinise imikhankaso yokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona sakhe imigwaqo yokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.

- Njengoba sibheke ePhasikeni, sonke masibambe iqhaza siphephe emgwaqeni. Live and let live.

**Ngiyabonga.**